



INGEDE

May 2016, Vol. 19, No.2

Umphathi wabaluleki bakwa-SASRI



Ibhalwe ngu: Nqobile Nxumalo

Isikhungo sezoCwaningo ngoMoba (SASRI) siqoke uThulani Masondo ukuthi abe uMphathi wabo bonke abeluleki bakwa-SASRI ababhekelele izidingo zabalimi abalima ngokuncane (Small Scale Growers) kanye nabalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiswa komhlaba (Land Reform Growers) abasebenza kuzo zonke izigayo zomoba kusukela Ogwini oluseNingizimu yeKwaZulu Natali (South Coast) kuze kuyofinyelela eNyakatho neKwaZulu Natali. Umsebenzi aqokelwe kuwo uhlanganisa ukuqinisekisa ukuthuthuka kwabalimi kanye nokuqhubelekisela ubudlelwane obuhle nomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya.

Ngaphambi kokuba uThulani asebenzele iMboni kaShukela, uqale ukusebenza kwakhe emNyangweni wezoLimo iminyaka eyishumi nanye esebenzela eMathafeni aseMakhathini (Makhathini Flats) ewuMphathi wabeluleki kuMjindi Farming. Ngaphezu kwalokho ubebuye abe umbhekeleli wokusetshenziswa kweNdawo kaHulumeni (Stateland Manager). Nakuba ubengaqashiwe iMboni kaShukela, kodwa


ubesebenzisana nabeluleki beMboni kaShukela ngaphansi kohlelo lwe-Joint Extension Venture Agreement. Ngonyaka wezi-2000 waqashwa kwa-SASRI ngokugcwele esebenzela endaweni yaseShowe iminyaka eyisishiyagalolunye nokwathi ngonyaka wezi-2009 wasebenzela eMpangeni lapho esebenze iminyaka eyisithupha ewuMeluleki wabalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiswa komhlaba. Kusukela ngenyanga kaMfumfu (October) nyakenye ube esekhushulelwa esikhundleni sokuthi abe uMphathi wabeluleki bakwa-SASRI.

Siyathemba ukuthi ngolwazi nangesipiliyonu anaso uMnu. Masondo uzoletsha uzinzo nenqubekela phambili kubalimi bomoba. Ngokusebenza utholakala e-Mount Edgecombe eThekwini kwa-SASRI lapho enehhovisi khona.

Abalimi abangathanda noma abanesifiso sokuxhumana naye bangamthinta ku-082 653 3148 noma 031 508 7491 nakwi email: thulani.masondo@sugar.org.za.



OKUQUKETHWE



Ungaluyekeli Ukhula:- Ukhula tuyinkinga kodwa uMbulalazwe ungashabalatisa amasimu akho.



Ukuhlahla:- Yisigaba lapho umlimi esekwenze konke yikho kumele sihlelelwe kahle.



Amasu Asemqoka:- Ithuluzi umlimi angalisebenzisa ezinyangeni ezine ezizayo.

Amasu Asemqoka



Ibhalwe:
Abeluleki bakwa-SASRI

Nakuba ezinye izindawo ziyyitholile imvula kulo nyaka, umonakalo owenziwe isomiso usazoba nomthelela ongemuhle eMbonini kaShukela esikhathini esizayo. Lo mthelela ongemuhle wesomiso uzoholela ekutheni kube nesivuno esiphansi esizodala ukuthi nenzozo ibe phansi, ngakho-ke kubalulekile ukuthi yonke imisebenzi ezokwensiwa kulo nyaka ihlelewe kahle ukuze kungalahlek i malu ngenxa yobudedengu nokunganaki. Imbewu enhle negunyaziwe ukuthi idayiswe izobe incane kulo nyaka, uma umlimi edinga usizo ngokuthola imbewu yomoba kumele athintane noMeluleki weThimba leZiffo neZinambuzane (SASRI Biosecurity Officer). Izimali zisazothi ukuba inkinga, thintana nosomnotho oseduze nawe (Canegrowers Regional Manager) kanye noMeluleki wakho wezoLimo ukuze bakusize uhlele kahle ukuphuma nokungena kwemali epulazini.

MAY / NHLABA

- Hlela kahle ukuhlahlha kwakho ukuze uhlahlle amasimu akulungele ukuhlahlwa ngesikhathi esiyiso lapho ubushukela buphezulu ogoqweni.
- Lungisa futhi ugcine isesimweni imigudu nemisele yamanzi emasimini.
- Maphakathi nezwe – hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa.
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini asehlahlhiwe ukuze uthole izincomo ngohlolo lwasikhuthazi nesibalo samasaka okumele usifake, izincomo zingahluka ngenxa yokuthi isitshalo asisebenzi-sanga yonke imisoco ngoba bekunesomiso.
- Qikelela ukuthi uyayilandela noma uyayihlonipha imithetho yokushiswa komoba.



JUNE / NHLANGULANA

- Thenga umanyolo nokalika ozowusebenzisa ngokwezincomo zakwa-SASRI bese wenza izinhlelo zokuwufaka.
- Lungisa amabhande avimba umlilo, ukekelezele amasimu akho.
- Faka ukalika emasimini akho ngokwezincomo.
- Maphakathi nezwe – hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa
- Lungisa imigudu yamanzi kanye nemigwaqo ugcine onke amasimu esesimweni ukuvimbela ukuguguleka komhlabathi uma izimvula sezibuyile.



JULY / NTULIKAZI

- Umoba ongeke uhlahlwe ozodluliselwa kwinkathi ezayo kumele uhlolwe, ukubheka ukuthi awudingi ukufutha imithi yokulawula isihlava. (Ithimba Lezifo neziNambuzane lingakusiza kulokhu thintana noMeluleki)
- Qinisekisa ukuthi izigubhu zakho zokufaka izibulala-khula nezokufaka umanyolo zisesimweni sokusebenza.
- Bulala ukhula lwasebusika, kungahle udinge imithi ehlukile ngokokhula onalo ensimini. Sebenzisana noMeluleki wakho ukuze akusize wenze izinqumo eziyizo.
- Thatha amasampula emasimini akho embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).



AUGUST / NCWABA

- Qhubeka nokubulala ukhula lwasebusika.
- Thatha amasampula emasimini akho embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).
- Uma isimo sezulu sivuma ezindaweni ezigudle ulwandle faka umanyolo/isikhuthazi.



ABADIDIYELI

Thulani Masondo, Norman Mkhabela, Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela & Patrick Ngcobo

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nangoSeptember

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: nqobile.nxumalo@sugar.org.za